BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 30 April 2026

DeComms
Painting Services
• Residential & Commercial
• Paint & Stain Finishes
• Skimming
• Deck Finishing & Maintenance
Contact number: 072 284 1191
Email: mazoemt@gmail.com

# Uthole iziqu zePhD ngokwenza ucwaningo ngezimpilo zabantu besifazane basemalokishini

NJENGOBA ezikhathini eziningi kusetshenziswa ezobuciko ukuveza izimo abantu abaphila ngaphansi kwazo nsuku zonke, lokhu kungaba nomthelela ekutheni abaningi begcine beziphatha ngendlela efanayo nabalingisi abababona kwezikaqedisizungu, okuhle nokubi.

Ukuze aqonde kabanzi umthelela ezobuciko ezinawo kubantu besifazane abamnyama basemalokishini, uDkt Maud Blose wenze ucwaningo olunzulu ngokuthi kungani ezobuciko zinamandla okushintsha indlela abantu besimame abamnyama basemalokishini abacabanga ngayo.

"Baningi abesimame ababuka imidlalo kamabonakude. Ngenze lolu cwaningo ukuze ngiqonde ukuthi abakubukayo kunomthelela omngakanani ezimpilweni zabo. Abakulandelayo nabangakulandeli, nokuthi kungani kube njalo," kusho uBlose osanda kuthweswa iziqu zePhD kwiMedia and Cultural Studies khona eNyuvesi yaKwaZulu-Natal (UKZN).

Ukhethe ukugxila kubantu besimame basemalokishini ngenxa yokuthi naye uvela khona, ngokwenza lolu cwaningo oluqanjwe ngokuthi iTelevision Storytelling: Audience and Meaning-Making of Television Soap Opera Texts, uphinde wathola ukuthi ithonya lale mdlalo liyithinte kangakanani impilo yakhe.

Akusikho okokuqala enza ucwaningo olufana nalolu. Phambilini uke wabheka ukuthi batshengiswa kanjani kuyo imidlalo kamabonakude, wabheka izinkoleloze ezivezwa ngabantu besifazane basemalokishini kule mdlalo, waphinde wabheka nokuthi umculo we-kwaito unomthelela ongakanani ekuhlukumezekeni kwabantu besimame.

Uthe injongo yakhe ngokugxila kubantu besifazane basemalokishini ukuba kutholakale izisombululo zezinkinga ezidalwa ezobuciko, ikakhulukazi njengoba umthelela wokuningi ubonakala emva kwesikhathi eside. Imizamo yakhe izokwakha isisekelo esihle sesizukulwane esizayo sabantu besifazane.

Usebenzisa ezemfundo njengendlela yokukhuthaza nezingane zamantombazane zasemalokishini ukuba zizinikele emfundweni.

Uthi nakuba ukuthola iziqu kunomvuzo, kepha kumele zilindele ukuthi zizohlangabezana nobunzima obungenxa yezenzo zazo nokungaphezu kwamandla wazo.

"Kunzima kakhulu uma ungumuntu omnyama ngoba kumele uhlale uzibonakalisa, uphinde ubukeleke phansi ngenxa yokuba umuntu wesifazane. Nakuba zikhona izingqinamba, kepha konke okwenzayo kuyaphumelela uma unokuzethemba, uzimisela nasemsebenzi wakho," kusho uBlose.

Ngaphambi kokuthola iPhD e-UKZN, uBlose uqale wafunda eNyuvesi yobuChwepheshe yaseThekwini (DUT), wedlulela eNorthwestern University, eseMelika. Manje usesebenza njenge-Associate Professor eMnyangweni wezokuXhumana nabeziNdaba eNyuvesi yaseGoli (UJ).





UDkt Maud Blose (PhD) wenze ucwaningo ngomthelela wemidlalo kamabonakude ezimpilweni zabantu besifazane abamnyama basemalokishini



MOSTERT
PEST CONTROL
For safe and effective pest control, fumigation, disinfecting, sanitizing & fogging services

- Fleas
- Weed Control
- Fish Moths
- Wood Borers
- Bees & Spiders
- Termites
- Rodents
- Ants
- Bed Bugs
- Cockroaches

We service:
• Offices & Malls
• Residential
• Clinics & Medical centres
• Warehouse
• School & Universities
• Restaurants
• Public Transport

GUARANTEE QUALITY GUARANTEE

FREE QUOTATION
Contact Monica on
072 284 1191
or email
dbn@mostertpestcontrol.co.za
www.mostertpestcontrol.co.za

ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
- Facebook: BTNews
- Instagram: btnews2023
- Email: promotions@btnews.co.za
- Website: www.btnews.co.za



# Amehlo ezwe azothi njo kuHollywoodbets Durban July

**Nash Ngcobo**

UBUKHAZIKHAZI, injabulo engelinganiswe nalutho kubathandi bobumnandi obunhlobonhlobo buzophinde bubonakale futhi buzwakale kwiHollywoodbets Durban July okulindeleke kuyo inqwaba yabantu.

Lokhu kufakazeleke ngenkathi abagqugquzeli beDurban July bethula ingqikithi yalo mjaho omkhulukazi emhlabeni ethi: “Country Allure” okusho ukuthi “Ukuthatha noma ukudonsa amehlo ezwe” ozokuba seHollywoodbets Greyville Racecourse ngoNtulikazi 4 (July) eThekwini.

Lomjaho osezingeni lomhlaba awungatshazwa ukuthi usufana nenkundla yokukhombisa ngamakhono anhlobonhlobo kubasiki bengqephu enhlobonhlobo, oswenka, osomabhizinisi, osaziwayo bemikhakha eyahlukene badlana imilala kuwo lomjaho.

Eminyakeni cishe engama-50 lo mjaho ubuthathwa njengento ebihanjelwa yizinjinga ezimhlophe nabambalwa abamnyama bese kuba wuquqaba lwamaphanta. Amaphanta amaningi ayengalubhadi kule nkundla kodwa emandla ngokuhlala emathotho (tattersalls) okuyizindawo okubhejelwa kuzo amahhashi.

Muva nje umjaho sekuyindawo yokubonana kwabantu abahweba ngezindlela ezahlukene kanti isiphenduke indawo yokukhuphula izinga lezokuvakasha eligcina likhuphule umnotho weTheku neKwaZulu-Natali.

Zininingi izinhlobo zemisebenzi esezichumile neseziphilisa imindeni eziqhamuka embonini yamahhashi iningi layo phambilini ebibukelwa phansi. Kuleyo misebenzi kubalwa ababhekeleli bamahhashi ezitebeleni (grooms).

Laba bantu benza umsebenzi obaluleke kakhulu empilweni yehhashi, umqeqeshi, udokotela, umzalanisi wawo kuze kuyofika kumnikazi walo, konke lokhu bekunganakwa phambilini, kwazise wumsebenzi owenziwa ngabantukazana.

UStpehen Marshall oyisikhulu seRacing Coast uthe ingqikithi yalo nyaka ikhombisa ukugubha umlando nokufakazeleka ubukhulu bomjaho wamahhashi ogqugquzela ubuciko ngezindlela ezahlukene.

Isikhulu seHollywoodbets uDevin Heffer uchaze lo lusuku njengolwesikhathi esingenamkhawulo sokuzijabulisa kwabantu abasemkhakheni wezemidlalo, imfashini nakwezikaqedisizungu okuhlala njalo kuheha izivakashi eziqhamuka ezweni lonkana naphesheya kwezilwandle.



SIZOBE sibondwe sayekwa kanje kwezengqephu njengoba uThobeka Khumalo ekhangise ngengubo kaSibo Msimang emcimbini wokwethulwa kwengqikithi yeDurban July yalonyaka

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035
**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com



Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

ITheku talks | KEEPING YOU IN THE KNOW

ETHEKWINI MUNICIPALITY

BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

# Kuboniswana nomphakathi ngesabelomali esiwuhlaka

ROMITA HANUMAN-PILLAY

IMEYA yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yethule isabelomali seTheku esisewuhlaka sikaR74.7 billion emhlanganweni woMkhandlu obungomhla ka-31 Mashi eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre.

Lesi sabelomali, esifaka esokusebenza esiwuR68.8 billion nesemisebenzi emikhulu esiwuR5.9 billion, sizoyokwethulwa kuyona yonke imikhakha yomphakathi ukuze kuboniswane ngaso ngaphambi kokuba samukelwe ngoMeyi uma sekucutshungulwe yonke imibono.

UMeya uXaba uthe: "Isabelomali esiwuhlaka sika-2026/27 sikhombisa ukuthi uMasipala weTheku uyakwazi ukumelana nezimo zomnotho ezingezinhle futhi uphume kulezo zimo usunamandla kakhulu kunakuqala, usimeme, futhi usukwazi nokusebenzela kangcono imiphakathi. Lesi sabelomali sihlose ukuthi kwehliswe izikweletu ezinkulu kodwa kube kuqhutshekwa nokubhekela imindeni eswele, ingqalasizinda kanjalo nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi."



UMasipala uyaqhubeka nokuqinisa izinhlelo zawo zokuhanjiswa kwezidingo, okubalwa kuzona namanzi, ngezinhlelo ezifana nolweSouthern Aqueduct oseluzophothulwa. Ukuqhubeka nale mizamo, kwisabelomali esiwuhlaka sika-2026/27 kuhlelwe uR1.1 billion weTrading Services Reforms, okuwuhlelo okuhloswe ngalo ukwenza izinguquko emisebenzini yokuhanjiswa kwezidingo. Izithombe: ZITHUNYELWE

NjengoMasipala onakekelayo, ukuhlinzekwa kwezaphulelo zentela nengxenye yamasevisi ehlinzekwa mahhala kuzoxhaswa ngesabelomali esivela kuhulumeni.

Ingxenye enkulu yalesi sabelomali ibekelwe uhlelo lwezinguquko ezimayelana nokuhlinzekwa kwezidingo zikaMasipala ezikhokhelwayo, phecelezi Trading Services Reforms, okuhloswe ngalo ukuhlinzeka kangcono amanzi, ukuthuthwa kwendle, nogesi. Isamba sikaR1.1 billion sizosetshenziswa kulezi zinhlelo.

Isabelomali semisebenzi emikhulu sonyaka wezimali ka-2026/27 silinganiselwa kuR5.9 billion kanti sizosetshenziswa ekuthuthukisweni nasekunwetshweni kwezikhungo zokuhlanza amanzi angcolile, ukushintshwa kwamapayipi amanzi, nokuvimbela ukumosheka kwamanzi.

Lesi sabelomali sizokwethulwa ezakhamizini, kosomabhizinisi nasezinhlanganweni zomphakathi njengoba kuzoba nochungechunge lwemihlangano ezokhangiswa ezinkundleni zikaMasipala nezabezindaba.

Ukwenyuswa kwamatharifu okuhlongozwayo kuncike ekwenyukeni kwamanani entengo abahlinzeki, okuwu-Eskom (ngo-9 wamaphesenti) noMngeni-uThukela Water (ngo-13 wamaphesenti), kanti kuye kwabhekwa namandla okukhokha ezakhamizi nokusimama kukaMasipala.

**Amanzi**
Izindawo zokuhlala - 15%
Amabhizinisi - 16%

**Ugesi**
Izindawo zokuhlala - 10.5%
Amabhizinisi - 10.5%

**Ezokuthuthwa kwendle**
Izindawo zokuhlala
**Amabhizinisi**
**Intela yezakhiwo** - 5%
**Ukuqoqwa kukadoti** - 13%

Ukuze kuqinisekiswe ukuthi kuhanjiswana nezinhlelo ezisegqhulwini emawadini, uMasipala wethule uhlaka lwesabelomali semisebenzi emikhulu sewadi ngayinye, okunikeza amakhansela ithuba lokubheka izinhlelo ezihlongozwayo, ahlonze lapho kunamaphutha khona noma kukhona okusalile bese eletha lokho akulungisile nemibono yawo.

## *ITheku lihola olokuvuselelwa kwendawo yokuhluza uwoyela*

KWANDA ZONDI

NGENHLOSO yokuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika ihlala inamandla anele, iMenenja yeDolobha, uMusa Mbhele, ihambisana nePhini likaNgqongqoshe Wezokumbiwa Phansi Nemithombo Kaphethiloli, uPhumzile Mgcina, bavakashele lapho kwakuyindawo yokuhluza uwoyela yeSAPREF, eProspecton, ngomhla ka-30 Mashi.

Le ndawo eke yaba yisizinda sezokukhiqizwa kukaphethiloli kuleli isiqanjwe kabusha njengeSouth African National Petroleum Company (SANPC) Refinery. Njengoba iseduze nechweba laseThekwini, le ndawo yokuhluza uwoyela iyingxenye ebalulekile yezomnotho waKwaZulu-Natali.

"Lolu hambo lungaphezu nje kokuzohlola indawo; luqhakambisa ukubambisana okuqinile phakathi kukahulumeni kazwelonke nowasekhaya," kusho iPhini likaNgqongqoshe uMgcina.

UMbhele uthe: "I-SANPC Refinery ibalulekile emnothweni kaMasipala nokazwelonke. Ukuvuselelwa kwayo kuzoqinisekisa ukuthi iTheku lihlala lisemaqhingeni okuncintisana omhlaba uma kuziwa ngasekuthuthukisweni kwezimboni."

Ngokusebenzisa ubulungu beNingizimu Afrika kuBRICS, lesi sikhungo sihlose ukuthola eminye imithombo yamandla ethembekile nehlukahlukene, okuzoba nomthelela ekuzinzeni kwentengo kaphethiloli.

Lolu hlelo kulindeleke luze nemihlomulo yezomnotho emikhulu, okuhlanganisa imisebenzi yokwakha ebalelwa ku-12 500 nemisebenzi ewu-2 850 yabaqashwe ngokugcwele.

Kulindeleke nokuba lufake cishe u-1.8 wamaphesenti kwi-GDP kazwelonke, lapho kuzobekwa khona eqhulwini abantu bendawo njengoba kuhlelwe ukuba u-65 wamaphesenti wemisebenzi noma izinsiza kuqhamuke khona lapha ekhaya.



IMenenja yeDolobha, uMusa Mbhele, nePhini likaNgqongqoshe Wezokumbiwa Phansi Nemithombo Kaphethiloli, uPhumzile Mgcina, bavakashele lapho kwakuyindawo yokuhluza owoyela yeSAPREF, okuhlelwa ukuba ivuselelwe ibe yindawo yokuhluza yeSANPC. Izithombe: ZITHUNYELWE

## Bhalisa ukuze ube yingxenye yombukiso wamabhizinisi

NONDUDUZO NGCONGO

ANGAPHEZU kuka-50 amabhizinisi asezitholele indawo yokukhangisa ngemisebenzi yawo embukisweni iDurban Business Fair (DBF) obanjwa okuka-28. Umbukiso walo nyaka, onendikimba ethi "28 years of connecting SMMEs to markets and opportunities", uzoba seDurban Exhibition Centre kusukela ngomhla ka-30 Ephreli kuya kumhla ka-2 Meyi. UMasipala weTheku umema osomabhizinisi bendawo ukuba babhalisele ngaphambi komnqamulajuqu womhla ka-17 Ephreli.

Lo mcimbi uzoba nochungechunge lwemihlangano yokuhlomisa ngolwazi ezogxila ekuqhamukeni namasu amasha, ukuthola uxhaso, nokuxhumanisa amabhizinisi nezimakethe zomhlaba.

USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela, uKhansela Thembo Ntuli, uthe: "Kusukela ngo1998, angaphezu kuka-40 000 amabhizinisi asebambe iqhaza kulo mbukiso, kwaba nabathengi nezivakashi ezingaphezu kuka-130 000 ezazethamele futhi zaxhumana nabakhangisi.

Lolu hlelo selusize ekudaleni imisebenzi engaphezu kuka-21 000," esho.

Amafomu atholakala kulezi zindawo:

- Ku-199 Anton Lembede Street, 7th Floor • Zonke izikhungo zakwaSizakala
- Ungalithola ifomu ku-inthanethi ku-www.durban. gov.za ngokuchofoza uphawu lwebhizinisi, bese uya ku-SMME Development, ukhethe ikhasi leDurban Business Fair.
- Thumela i-email ku-zamani.shezi@durban.gov.za ukucela ifomu.

Ngolunye ulwazi, shayela ku-031 311 4500.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
INKONYANE YE-IDP/YESABELOMALI
2026/27 UNYAKA WOKUSHESHISWA KOKUHLINZEKWA KWEZIDINGO



I-IPD/ISABELOMALI ESISEWUHLAKA SIKA-2026/27 SIYATHOLAKALA KU: www.durban.gov.za
naseziKhungweni zikaSizakala neMitapolwazi.
Thumela uvo lwakho ku: comments2021@durban.gov.za
ENGAKEDLULI UMHLA KA-9 MEYI 2026.

# ABE HALFWAY DURBAN BAKHE UBUDLELWANO NE BT NEWS

INKAMPANI edayisa izimoto eThekwini i Halfway Durban Central yakhe ubudlelwano nabezindaba i BT News okuyiphephandaba lomphakathi elizinze khona eThekwini.

Lokhu kulandela umcimbi wama Metro Awards abehlose ukuklomelisa amathalente KwaZulu-Natal ,obungomhla ka-25 kuMbasa obubanjelwe e -Inkosi Albert Luthuli Convention Centre lapho i BT News ibihanjiswe ngohlobo lwemoto kanokusho i-Omoda C7 ekhishwe yibo abakwa Halfway. Kanti abagcinanga lapho, nangosuku olulandele izi-25 , iphinde yahambisa izintatheli emcimbini we Phinifa on Fleek lapho bekuhlanganyele khona abesifazane e Moses Mabhida bezocobelelana ngolwazi kwi-Isizwe Dialogue.

Ngomhla ka - 29 kuyo le nyanga, i Halfway iphinde yahlinzeka i-BT News ngonyanyavu olubahambise kuma Hollywood Foundation Bambelela Awards e Greyville Racecourse, lapho bekubungazwa osomabhizinisi abancane abasakhula.

I-BT News izohanjiswa kuyo yonke imicimbi emenywe kuyo iphinde iqophe ishicilele ngezinhlobonhlobo zezimoto ze-Halfway Durban Central.Ekhulumela abe Halfway Durban Central uMnuz Mzwakhe Khumalo ongumphathiswa wentengiso ugcizelele isizathu sokuthi abantu basebenzisane ne Halfway.

"Njalo uma kumele sihlinzeke amakhasimende ethu ngezimoto siyaqinisekisa ukuthi sibenzela umsebenzi osecophelweni eliphezulu, asigcini lapho ke sibe sesikupha nesipho ngaphezulu nethangi eligcwele likaphethiloli", kuchaza uMnuz Khumalo.

IHalfway Durban Central iphinde yamukela uhlobo olusha i - iCAUR enkampanini, yize ingakathulwa ngokusemthethweni.

## Drive sophistication Drive the Omoda C7




The Omoda C7 arrives with the striking lines and a futuristic silhouette that immediately sets it apart in the Urban escape. Designed to blend style with substance, it offers a spacious interior, advance driver assist technology like "Hello Omoda" and performance package tailored for both city commutes, business trips and weekend escapes. With its emphasis on smart connectivity and eco - conscious engineering, the C7 positions itself as more than just a vehicle, its lifestyle choice for drivers and demand innovation without compromising on comfort.




## Power refined Jaecoo J7 redefines the road




The Jaecoo J7 makes its mark with a sleek profile and refined detailing that signal a new era in modern driving. Built with focus on comfort and efficiency, it offers a spacious cabin, intuitive technology and a smooth performance that adapts seamlessly to both city and streets and also long distance travel. With its balance of style and practicality, the J7 positions itself as a versatile choice for drivers seeking sophistication without sacrificing reliability.




## Kuzohlabana iningi kwinqunquthela yokufukula abesifazane





Ube yimpumelelo umcimbi wokufukula abesifazane kwezama bhizinisi iSizwe dialogue okuwumcimbi osingulwe uMadam knoxy. ISizwe Dialogue inkulumo ngxoxo ekhulumisana nabantu besifazane ebibanjelwe eMoses Mabhida Stadium. Ingxoxo yeSizwe ihlose ukuhlanganisa,iphinde ivale igebe elikhona kubantu besifazane bemiphakathi eyahlukene.Lengqopha lwando yezingxoxo inkundla yabantu besifazane lapho bahlangana khona ukuze baxoxe futhi bahlele ikusasa.

# Izodonsa izinsuku ezintathu iDurban Business Fair

**Nash Ngcobo**

SELIDUMELA emasumpeni kosomabhizinisi abancane abazobonakala kwiDurban Business Fair yaminyaka yonke. Lo mbukiso ogqugquzela ukuthuthukiswa nokusatshalaliswa kwawo wonke amabhizinisi, uzokuba seDurban Exhibition Centre ngoMbasa 30 (April) iphele ngoNhlaba 2 (May). Baningi osomabhizinisi abaqale ukukhangisa kulo mbukiso bengaziwa ngumuntu, kodwa muva nje abangazisoli nakancane ngalokho.

Omunye wabo nguThando Mdladla ongumsunguli wenkampani Uthando Glow Beauty and Wellness.

UThando uthi uqale ukuzihlanganisa neDurban Business Fair eminyakeni eyi_6 eyedlule. Ngo_2025 unyelwe yinyoni esandleni eqokwa njenge_2025 DBF Youth Category.

"Kuningi esengikuzuzile ebhizinisini ngokuzokhangisa kulo mbukiso, osekungivulele amathuba okuzazisa nokuchazela abathengi ngokubaluleka komkhiqizo wakho," kusho uMdladla.

UCeliwe Ntuli weZulu Braids yena osekuphele iminyaka eyi_8 ekhangisa kulo mbukiso naye usho okufanayo noThando. "Okubalulekile ngalo mbukiso wukusabalalisa ulwazi namakhono ahlukene okuhweba.

"Konke lokhu kwenzeka ngokuthi uxhumane nabahwebi abazokucobelela ngezindlela ezahlukene zokukhulisa ibhizinisi," kusho uNtuli.

Yize sekugcwele ukubhalisela ukungenela lombukiso, usengaluthola ulwazi ngokuvakashela www.durban.gov.za _ Business SMME Development Durban Business Fair.

Ngeminye imininingwane ngena kule_ email: zamani.shezi@durban.gov.za



OSOMABHIZINISI abancane kodwa abakhombisa impokophelo yokukhula abazobonakala kwiDurban Business Fair eseDurban Exhibition Centre ngoMbasa 30 (April)




## Kugqame abesimame kweye_2025 KZN Sports Awards

**Nash Ngcobo**

INJABULO nokugqanyiswa kwabesifazane, kukhanye bha kwi_2025 KZN Sports Awards. Ukuvuleka kwezinhlanhla kwabesifazane kufakazelwe wukuqokwa kukaNonkululeko Mlaba njengeSportswoman of the Year okwesithathu iminyaka ilandelana.

UNonkululeko weThe Dolphins, uwumkhiqizo wokuthuthukiswa kwekhilikithi emalokishini nasezindaweni zasemakhaya.

Lo mdlali odabuka eNtuzuma akaconsi neze phansi naseqenjini likazwelonke amaProteas. Naseqenjini likazwelonke uyaziwolela imiklomelo kanjalo nakwiCricket South Africa.

Umgubho woSuku lwabesiFazane, usheshe wafika KwaZulu_Natal njengoba kuhlabane abayi_8 kule miklomelo yezemidlalo.

Ukwenza kahle kwabo kufakazelwe wukuhanjelwa yiNdlovukazi uNonjabulo kaMayisela Zulu nePhini likaZwelonke likaNgqongqoshe wezeMidlalo, ezokuNgcebeleka namaSiko uNks Peace Mabe. Zombili lezi zitatanyiswa beziqala ngqa ukuhambela lomcimbi okhula unyaka nonyaka selokhu wasungulwa eminyakeni eyevile kwengama_20



# Bafukula umnotho wasemalokishini ngamabhizinisi angavamile kwabesimame

***Okubaluleke kakhulu ngabo ukuthi badlala indima ebalulekile ekulweni nenye yezinkinga ezinkulu ezengamele abantu abasha kuleli ngokukhiqiza imisebenzi. Lana abagcini kuphela ngokuthuthukisa imiphakathi, kepha baphinde bebe isibonelo esihle nasezinganeni zamantombazane ezihlangabezana nenqwaba yezinkinga ekukhuleni kwazo ezingaholela ekushiyekeni ngemuva kontanga. Ukulwela ukuphumelela kwamabhizinisi wabo kwakha isithombe esihle ngokubaluleka kokungalilahli ithemba. Kwingosi yalesi siqephu seBT News, sikwethulela abantu besifazane abathathu abenza ezibukwayo emkhakheni wamabhizinisi abakuwo:***




## Umqashi nomqashwa mabathembane

UKUHLONISHWA komsebenzi ngokulinganayo phakathi komnyama nomhlophe, kungavuselela ukwethembeka nokubonelelana. Lokhu kungaba wubulawu enkingeni evame ukubonakala kubaqashi abamnyama uma beqhathaniswa nabamhlophe. Akugcini lapho nezisebenzi azibahloniphi abamnyama njengoba zihlonipha abamhlophe.

Le nkinga yindala kanti sesifikile isikhathi sokuthi isishulwe nezimpande zayo ukuze kwande ubuntu bese kusimama nomnotho. Lokhu kufakazelwe yisiKhulu Esiphakeme seSthandokuhle Holdings uNkk Sthandokuhle Mncwabe, othe ukwethembeka phakathi komqashi nomqashwa, akubizi mali kodwa kudinga ubuntu.

Uthe ubuntu nokwethembana, kuqala ekhaya nakwindlela okhuliswe ngayo. "Kule nkampani egxile ekuhlanzeni amakhaya nezakhiwo zamabhizinisi, ngishumayela ivangeli lokhuthi okwenza komunye kufanele kube yilokhu ofisa kwenziwe nakuwena.

"Le nkampani isika utshani, ilungise izingadi kanti muva njevisihlanza uphahla lwezindlu, iyapenda, iwise izihlahla, ihlanze nama_ swimming pools, obekuyizinto phambilini ebeziyivela kancane kwabamnyama. "Kubantu abangabathengi bomkhiqizo wami ngihlala ngibacabangela okungcono kunalokhu abakukhokhelayo," kusho uNkk Mncwabe.

Uqhubeke ngokuthi kubalulekile ukugcina isikhathi kanjalo nokuxhumana nabantu enisebenzisanayo nabo, lokho wukhiye wempumelelo yomsebenzi. Uthe kubalulekile ukudingana phakathi komqashi nomqashwa, angabikhona ongcono kunomunye, kodwa kube wumsebenzi ongcono kinina nobabili.

Udalule ukuthi umqashi kufanele amkhulise, ngokumlekelela ekuziqaleleni owakhe umsebenzi, angakujabuleli ukuqashwa ingunaphakade. Uphethe ngokuthi abasebenzi bakhe banezinkontileka futhi banamalungelo agcwele abasebenzi, bahola ebhange. Uthe kubalulekile ukubuyisela emphakathini, akukhathaleki ukuthi kuncane kangakanani, yinqobo nje uma kukhona abazokujabulela lokho obenzela kona.

## Bonisiwe KaKhumalo-Xulu (NSSSN Cleaning Services)



KUYIQINISO ukuthi baningi abathembisa ukuwenza ngendlela esezingeni umsbenzi wabo, kepha iNSSSN Cleaning Services ayigcini nje ngokuthembisa izulu nomhlaba, iphendula indawo yakho ibe izulu elincane emhlabeni ngendlela eyishiya ihlanzeke ngayo.

Akukhethi ukuthi indawo yomsebenzi noma umuzi wakho, uma ufuna ukuzibona kusimende okanye ama-tiles wesakhiwo sakho, ibhizinisi likaBonisiwe ilona elingakufezela iphupho lakho. Nakuba iNSSSN igxile kakhulu ekuhlanzeni ingqalasizinda esanda kwakhiwa, kepha inamava okuhlanza kunoma isiphi isakhiwo.

"Ngiyazigqaja ngomsebenzi wami, futhi nginesiqiniseko sokuthi akekho ongehlulayo. Okwenza sehluke kwabanye ukuthi sikwenzela umsebenzi oseqopheleni eliphezulu ngamanani aphansi.

Siyasigcina nesikhathi esivumelana ngaso sokuphothulwa kwawo," kusho uBonisiwe.

**Utholakala ku-067 006 9548.**

## Philisiwe Vezi (Masgwazi Projects)




KUSUKA enyakatho kuya eningizimu yeKwaZulu-Natal, akekho okulungisela inkinga yakho yamapayipi amanzi nathutha indle ngendlela engcono kuneMasgwazi Projects. Okwenza leli bhizinisi eliphethwe intokazi yaseMlazi lehluke kwamanye ukuthi awulindiswa uma unenkinga, usizo uluthola nganoma isiphi isikhathi. Ekuseni, isemini, nasebusuku. Uma unenkinga uthola usizo olusezingeni ngokushesha. Uma usukhathele indlela owakhelwe ngayo umakhi wakho, iMasgwazi Projects ikwenzela umsebenzi ngendlela engeke iphinde idinge ukuvuselelwa. Kungaba ukufakwa ko-sink, ama-bath tub, ama-gyser, toilet seat, nokunye. UPhilisiwe akasiyo imfundamakhwela kulo mkhakha kwazise unesitifiketi sokwenza lo msebenzi asewenze ezindaweni zamabhizinisi nasemakhaya. Unazo zonke izitifiketi ezidingekayo, okusho ukuthi umsebenzi akwenzela wona ukushiya ukhululeke nasemajukujukwini enhliziyo yakho. Akekho noyedwa oseke wakhala ngomsebenzi wakhe. IMasgwazi Project

**Utholakala ku-074 233 6904.**

# Sezihubela sakusha ngengqungquthela i-Africa's Travel Indaba

IHLELELWE umhlaka 11-14 kuNhlaba (May) ingqungquthela yakulo nyaka ehlanganisa abezokuvakasha base-Africa nabezinhlaka ezivela kwamanye amazwekazi ngenhloso yokusimamisa lo mkhakha ngendlela ethuthukisa izimpilo zabahlali i-Africa's Travel Indaba.

Kuyo kuzobekwa phambili ukuvulwa kwethuba lokuzikhangisa njengebhizini noma inhlangano yezokuvakasha, abezinhlaka zikahulumeni bona bechaze kabanzi ngezinhlelo zabo zezokuvakasha. Kuzophinde kudingidwe ngokwakhiwa kobudlelwane kanye nemigomo yamazwe yezokuvakasha.

Ingqungquthela izobanjelwa e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre (ICC). Lokhu kulandela isivumelwane sango-2025 sikaMasipala weTheku, uMnyango wezokuVakasha kanye neSouth African Tourism esigunyaza ukuba ibanjelwe kwelikabhanana iminyaka emihlanu ilandelana. Kwisitatimende esithunyelwe kwabezindaba, uNgqongqoshe womnyango uNks Patricia de



UNgqongqoshe wezokuVakasha uNks Patricia de Lille uchaze kabanzi ngokuhlelwe nge-Africa's Travel Indaba nomthelela ezobanawo emnothweni, kosomabhizinisi, nakubahlali bakuleli

Lille, uthe le ngqungquthela iyigxathu elibalulekile iNingizimu Africa elithathile ngoba iyaqhubeka nokuvula amathuba okuhwebelana namanye amazwe ngezokuvakasha.

Eyango-2025 ihehe abavakashi ababalelwa ku-10 000, kubo okubalwa osomabhizinisi nabezinhlaka zezokuvakasha ezicela ku-1 300 abavela emazweni angu-27. Bangaphezu kuka-1 000 abavela kwamanye amazwekazi, abaxoxisane ngokubambisana emhlanganweni engaphezu kwenkulungwane.

"Itshengisa ukuzibophezela kweSouth African Tourism ekuvuleni amathuba ayimvela kancane kosomabhizinisi abancane bakuleli. Ngayo, sakhela neNingizimu Africa igama ekubeni ngelinye lamazwe ahamba phambili ekuhleleni imicimbi emikhulu," kusho ude Lille.

Le ngqungquthela isetshenziselwa nokulwisana nenkinga yokushoda kwamathuba emisebenzi, ukusimamisa umnotho, kanye nokuqinisekisa ukugcinwa komkhakha wezokuvakasha usebenza ngendlela efanele ingunaphakade.

Emva kwe-Africa's Travel Indaba yango-2025, uKhansela Cyril Xaba oyiMeya yeTheku, uveze ukuthi uMkhandlu weTheku uphasise ukusetshenziswa kuka-R82.7 million ukuhlela le ngqungquthela iminyaka emihlanu. UMasipala weTheku uzosebenzisana nabezinhlaka ezehlukene.

Emhlanganweni wangoDisemba, umkhandlu uveze izinto ezinhlanu okholwa ukuthi zizozuzeka ngokuhlelwa kwale ngqungquthela. Izofaka imali emnothweni wedolobha, izosetshenziswa njengezinye zezinto eziheha abavakashi, iTheku lizokwazi nokuzibekela imigomo evuna lona.


Osesithombeni: ngu Gladywn White ongomunye wabamisiwe.

## Bazoqondiswa igwegwe abamisiwe kwi-SAFA

I-South African Football Association isikhiphe isitatimende esiqinisekisa ukumiswa kwamalungu amane aphezulu okubalwa kuwo :

1. u Gladywn White (Northern Cape)
2. uMonde Montshiwa (North West)
3. uEmma Hendricks (Northern Cape)
4. no Orapeleng Setlhare (North West)

Ngokombiko, bobane balindeleke ukuba bavele phambi kwekomiti eliqondisa igwegwe kungekudala. Yize i SAFA ingakacacisi ngosuku njengoba isalinde ukukhishwa kwamacala ababekwe wona ngokusemthethweni kuqokwe nephaneli ezolalela udaba.

Lokhu kulandela umhlangano obe khona we NEC eGoli, obe sewuholela ekuphakameni kwemimoya nokungaboni ngaso linye kwalabo ebebeyingxenye yomhlangano okuholele ekuphosweni kwezinsolo nokuhluthulana ngokwemizimba. Lesi siphithiphithi seyamaniswe nokwehlukana kwemibono ngaphakathi kwayo i SAFA ikakhulukazi phakathi kwamaqembu asekelayo nalawo angahambelani nalowo ongumholi we SAFA u Danny Jordaan. Lama lungu amane wona abengaphansi kwe Save Our SAFA (SOS).



